

ISIBHEDLELA I - ADDINGTON



UMGOMO WOKUZINIKELA EMSEBENZINI WONYAKA KA 2006/2007

KANYE

NOMBIKO NGEBATHO PELE KA 2005/2006

**BOX 977
DURBAN
SOUTH AFRICA
4001**

**TEL: 031-3272000
FAX: 031-3683300
WEBSITE ADDRESS: www.kznhealth.gov.za/hospitaltour.html**

1. SINGOBANI?

Siyisibhedlela I Addington, esingaphansi koMnyango wezeMpilo KwaZulu Natal esinemib hede engamakhulu ayisihlanu namashumi amabili nane (524). Singesinye sezibhedlela zom phakathi ezingaphansi kohlelo lwezeMpilo kwisiYingi seTheku.

2. SITHOLAKALAPHI?

Sitholakala ogwini lweTheku, sabhekana nebhishi eliseningizimu, sikakwe umgwaqwana u *Erskine Terrace* ngaphambili, no *Prince Street* ngemuva, kusukela kwisitaladi uRutherford kuya kumhubhe u *Ocean Avenue*.

3. IMISEBENZI YETHU NOKUHLOMULAYO

I Addington yaqokwa njengesibhedlela esisezingeni lesifunda kanye nesise zingeni lesiyingin gokuhambisana nohlelo lwesifundazwe nelokazwelonke lokuhlela ngendlela izibhedlela ezenza ngayo umsebenzi..

- 3.1 Imisebenzi yesibhedlela enikezelwa ezingeni lesifunda lokunakekela. Ukunakekela kulelizinga kwenziwa ngokusebenzisa ulwazi lochwepheshe abenza konke ukuze kunyangwe iziguli ezilele esibhedlela neziqhamuka ngaphandle ezithunyelwe zisuka ezibhedlela ezisezingeni lesiyingi.

Lokhu kuhlenganisa imisebenzi eyejwayelekile, yisejari ejwayelekile, Opthamology, (ENT); Urology (abangalalisiwe kuphela); Orthopaedics, i-Radiotherapy ne Oncology.

3.2 Imisebenzi yesibhedlela esezingeni leSiyingi

Siphinde futhi sinikezele ngemisebenzi engadingi ochwepheshe abazimele esezingeni lesiYingi kwiziguli ezisuka emitholampilo eseduzane nathi (kuhlenganisa uMtholampilo oku *Beatrice Street*, eyethu imiTholampilo esezingeni lokuqala, noMtholampilo wase*Newlands East* kanye nenqwaba yemtholampilo engaphansi kwesishayamthetho sasekhaya, kwenzelwa iziguli ezi laliswayo nezingaphandle.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi *iPaediatric ne Obstetric/Maternity ne Gynaecology* manje sezinikezelwa e Addington ezisezingeni lesiYingi

3.3 Imisebenzi yezeMpilo esezingeni loku Qala

I Addington yengamele Imitholampilo emine esezingeni lokuqala

- ◆ Umtholampilo osezingeni lokuqala wabantu abadala endaweni eyodwa nase*Poly Clinic*.
- ◆ Umtholampilo osezingeni lokuqala wezingane osendaweni eyodwa nesibhedlela sezingane
- ◆ Umtholampilo wase *Newlands East*
- ◆ Umtholampilo wase *Beatrice Street*

Isibhedlela saseAddington sisanda kuthatha ukungamela lomtholampilo. I *Escoval House Geriatric neMental Services* nazo zisanda kufakwa ngaphansi komtholampilo wase *Beatrice Street* ukwenzela kusizakale iziguli ezihlala ngaphansi kwesiyingi sase Addington.

3.4 Umtholampilo Ikusasa— Lona nguMtholampilo okhipha imishanguzo ethiba igciwane lengculazi (ARV)

Ukusizakala kulomtholampilo kuya ngokudluliselwa kuyona ngokulandelwa kwemibandela ethize. Uma unemibuzo ngalomtholampilo, ungashayela kulenombolo ethi: (031) 327 2659.

3.5 Sinothando Centre— Isikhungo seHiv /ne Aids

Imisebenzi eyenziwa yilendawo ihlanganisa izinhlelo zokululekwa nokuhlola igazi, (VCT); izin hlelo zokusizakala ; nokuthunyelwa kweminye imitholampilo ekwiyonayona ongathola kuyona u kufakwa ngaphansi kohlelo lwemishanguzo ethiba isandulela ngculazi. Uma unemibuzo ungashayela Ku: (031) 327 2259

3.6 Isikhungo sabahlukumezekile

Kunenombolo esebenza amahora angamashumi amabili nane engasetshenziswa iziguli ezihlu kumezekile, kubandakanya nezihlukumezeke ngokocanci. Kukhona nosizo *lwepost exposure prophylaxis (PEP)*.

3.7 Indawo yabaqapha amahora angamashumi amabili nane

3.8 Umsebenzi wokuqeqesha nokufundisa

- ◆ Ukuqeqeshwa kwabaHlengikazi- Sinesikhungo sethu sokuqeqesha abaHlengikazi
- ◆ Radiography-Abafundi base sikhungweni semfundo ephakeme I *Durban University of Technology* banikezwa ithuba lokuthola isipiliyoni.
- ◆ Ukuqeqeshwa koDokotela- Siyisikhungo esigunyazwe ngokusemthethweni abafundela umsebenzi wobudokotela (*Interns*) .ezinhlobeni ezehlukene zochwepheshe.
- ◆ iPharmacy- Siyisikhungo esigunyazwe ngokusemthethweni ukuqeqesha abafundi abafuna isipili- yoni emnyangweni wokukhishwa kwemithi. (Pharmacy).
- ◆ Ukuqeqesha abafundi abafundela izifundo zokusiza kuma ambulensi.

4. ZITHOLAKALA KANJANI LEZIZINSIZAKALO ZETHU

4.1 Indlela yokusizakala

Indlela yokuthola usizo ngemisebenzi yethu ihambisana nemigomo yoMnyango wezeMpilo kaZwelonke ohlelweni lwezempilo olusezingeni lwesifunda ngokuhambisana nezinhlelo zezempilo ezinikezelwa ezigabeni ezehlukene zokunakekela okuncike ebucayini bempilo.

Akubalulekile ukushesha uye esibhedlela uma wena noma ilungu lomndeni ligula. Kusemqoka ukuthi uqale eMtholampilo wangakini noma umtholampilo oseziningeni elingaphansi kwelomtholampilo (*Community Health Centre*).

Ngalokhu, ukungena esibhedlela sethu kwenzeka uma uthunyelwa kithina nencwadi esuka ku lowoMtholampilo noma esibhedlela esisezingeni lesifunda esingaphansi kwendawo esiyise benzayo (catchment area) kuhlenganisa nawethu ama Primary Health Clinics. Incwadi ot hunyelwa ngayo kithina iba nayo yonke imininigwane echaza kabanzi ukuthi uguliswa yini noma lel olunga lomndeni liguliswa yini ukuze abasebenzi bethu basesibhadlela bezokwazi ukukusiza.

- ◆ Izindawo esitholakala kuzona noma imitholampilo yile elandelayo:
- ◆ Addington's Adult Primary Health care Clinic (Gateway Clinic)
- ◆ Asherville Local Authority Clinic
- ◆ Barracuda Local Authority Clinic
- ◆ Beatrice Street Provincial Clinic
- ◆ Claire Estate Local Authority Clinic
- ◆ Glen Earle Local Authority Clinic
- ◆ Lancers Road Local Authority Clinic
- ◆ Newlands East Local Authority Clinic
- ◆ Newlands West Local Authority Clinic
- ◆ Overport Local Authority Clinic
- ◆ Reservoir Hills Hall Local Authority Clinic
- ◆ Rydalvale Local Authority Clinic
- ◆ Sea Cow Lake Local Authority Clinic
- ◆ Sydenham Heights Local Authority clinic
- ◆ Redhill Clinic
- ◆ Durban North Local Authority Clinic

Uma udinga usizo olesezingeni eliphezulu, siyokudlulisela kwesinye isibhedlela esiqondene ngqo nalokho. Okunzima okuqondene nokubeletha, *Gynaecology ne Paediatric* siyokudlulisela esibhedlela e *King Edward VIII*.

Ngeminye imisebenzi eseziningeni lesifunda **nelesibili**, lapho isimo sisibi kakhulu, isiguli siyodluliselwa esibhedlela asisezingeni **lelingaphezulu**, njenga nesibhedlela iNkosi Albert Luthuli.

Uma udinga izinsizakalo ezisezingeni eliphansi, siyokudlulisela esikhungweni esiseduze esiqondene nawe emuva kokuhlola sasesiqinisekisa ukuthi isimo sakho asikho bucayi.

Sicela uxhumane nethimba lethu lezokuxhumana, elisesitezini sokuqala esibhedlela esikhulu, kusukela kugamenxe ihora lomkhoti ekuseni kuya ehoreni lesine ntambama(inombolo ithi: 031 327 2967/8) ukuthola kabanzi ngezinhlelo ezehlukene zemisebenzi yethu nangemitholampilo engaphansi kwendawo esiyisebenzayo.

Umnnyango wezingozi nezimo ezibucayi wakhiwe ngaphambi kwesibhedlela futhi uvulwa amahora angamashumi amabili nane.

4.2 Izincwajana okumele ziphathe uma ufika esibhedlela okokuqala, sicela uphathe lokhu:

- Umazisi

- ◆ Indlela yokukhombisa uma usebenza noma ungasebenzi
- ◆ Imininingwane yemishwalense yokugula

4.3 izimali ezibizwayo ngemisebenzi yethu

Izimali ziqoqwa ngendlela ehambelana nohlelo lwezimali olwabekwa kwiphepha lokwazisa likaHulumeni (Government Gazette), oluncike ekubhekeleleni izimo eziningi njengemali oyiholayo kanye nohlelo lokusizakala ngokulashwa (Medical Aid).

Ezinye izinhlelo zokulapha zenziwa mahhala kuhlanganisa:

- ◆ Ukunyangwa ngoNesi abosohlelweni lwezempilo lokuqala Primary Health Care)
- ◆ Ukunyangwa kwabazithwele (kuphela uma lowo muntu engekho ngaphansi kohlelo lwe Medical Aid)
- ◆ Izingane ezingaphansi kweminyaka eyisithupha (kuphela uma leyo ngane ingekho ngaphansi kwe Medical Aid)
- ◆ Izifo ezithelelanayo njengesifo sofuba
- ◆ Ukunyangwa kwabahola impesheni ka Hulumeni
- ◆ Izifo ezithile eziwufuzo ngemininingwane ngezimali nokunyangwa mahhala, sicela uxhumane nehhovisi leZokuxhumana.

5. Imigomo yethu yokusebenza

- ◆ Siyazinikela ngokunikezela kwemisebenzi yethu ngokuhambisana ne:
- ◆ Ukumela nokubasolubala (*Accountability and transparency*)
- ◆ Umgomo we Batho Pele (Abantu Phambili),
- ◆ Izimiso zeNhlangotho i (*COHSASA*)

Umbono wethu, Indlela esifeza ngayo leyombono, kanye ne Zimo ezibalulekile

Umbono:

Ukwenza izinga eliphezulu lezempilo ngo buholi obunobuchule nobuqotho

Indlela yokufeza umbono wethu

Isibhedlela I *Addington* sizinikele ekunikezeleni ngemisebenzi esezingeni lesifunda nelerijini ephaphile, esemthethweni nesezingeni eliphezulu ngokuhambisana nemigomo yeBatho Pele, nezinhlelo zokuphatha kahle (*Good Governance*) ne **Accreditation**, ezilekelelwa ubuxhakaxhaka haka bolwazi (*information technology*) ukufezekisa:

- ◆ Izinhlelo zokunyangwa eziphezulu ezibiza kancane zeziguli kulezo zinsiza ezikhona nomgomo wezempilo wesifundazwe okhona.
- ◆ Ukuheha nokugcina abasebenzi abanamakhono ngokwenza indawo abesebenza kuyona ibe sesimweni esihambisana nabo, ukubandakanya, ukuthuthukisa, ukufunda nokucwaninga.
- ◆ Ukugqogquzela ukwanelisa kwamakhasimende ukuqinisekisa isithunzi, namalungelo eziguli, abasebenzi namanye amkhasimende.
- ◆ Indlela eyiyo yokuphatha izimali;
- ◆ Ukuhlanganisa no kuxhumana ngendlela ethuthukisiwe nabo bonke ababandakanyekayo kuhlanganisa nokuthuthukisa ubudlelwano phakathi komphakathi neHhovisi lezempilo lesifunda saseThekwini.

Izimo ezibalulekile :

Isithunzi, Ukuziqaphela, Ukumela, Ukungeneka, Ukwethembeka, Ukusebenzisana njengeqembu, Ukuzinikela, Ukuphatha ngokubambisana, Ukunakekela ngothando, Umdlantla.

Imigomo ye Batho Pele (Abantu Phambili)

- ◆ Ukuxhumana namakhasimende wethu
- ◆ Izinga lomsebenzi
- ◆ Ukunyusa izinga lokutholakala kalula kwemisebenzi yethu
- ◆ Ukunakekela nokuba mnene
- ◆ Ukunikezela ngemeniningwane eyengenziwe nencono
- ◆ Ukunyusa izinga lokuba sobala novuleka
- ◆ Ukulungisa izimo ezingalungile zilunge
- ◆ Ukuqiniseka imbuyekezo
- ◆ Ukugqugquzela ukuzenzela nokubongwa kokuzinikela
- ◆ ukuthinteka kwamakhasimende
- ◆ Indlela yobuholi nokuhlela ngokujulile

6. AMALUNGelo EMINDENI NEZIGULI NOKUMELE BAKWENZE

Amalungelo eziguli nemindeni nokumele bakwenze (kuhlanganisa namalungelo abantwana) ayatholakala ngolimi lwesiNgesi, Isizulu kanye nesiBhunu kuyona yonke iminyango yesibhedlela, yisehhovisi lezokuxhumana, ayingxenywe yolwazi oluqoqelwe ndawonye (okuthiwa yi *Hospak*) enikezwa kozo zonke iziguli ezifikayo esibhedlela.

7. UNGASISIZA KANJANI THINA

- ◆ Ungasisiza ngokusebenzisa izinsizakalo zethu ngendlela eyiyo, nangokuzimisela ukusiza abanye.
- ◆ Ngakho sicela ukhumbule ukuthi:
- ◆ Usebenzise uMtholampilo wangakini, ngoba ukuyeka uMtholampilo oseduze kwakho uye esibhedlela esikhulu kudala olayini abade futhi kube nesikhathi eside sokulinda sakho kanye nezinye iziguli.
- ◆ Sicela usazise kusenesikhathi uma ungeke ukwazi ukuphumelela ukubonana noDokotela.
- ◆ Uma kunoshintsho kwimeniningwane yakho enjengane gama lakho, ucingo okanye idilesi lalapho uhlala khona, sicela wazise omabhalane.
- ◆ Buyisa izinto ezinjenganezihlalo zokuhamba (*wheelchairs*), izinduku zokuhamba, nokunye okunjen galokhu, uma ungasakudingi ukuze kukwazi ukusetshenziswa ezinye iziguli.
- ◆ Sinikeze imibono neziphakamiso zakho ukuze sikwazi ukuthuthukisa umsebenzi wethu lapho kune sidingo khona.
- ◆ Uma ucabanga ukuthi umsebenzi noma umnyango othize okanye iwadi basebenza ngokugculisayo ungabaqokela umklomelo weBatho Pele wabasebenzi abenze kahle. Sicela ubhalele umnyango wezokuxhumana noma ugcwalise ifomu emnyangweni wezokuxhumana.
- ◆ Gcwalisa ikhadi lokunikela ngezitho zomzimba Uphinde uhlale uliphethe njalo– lamakhadi ayatholakala ehhovisi lezokuxhumana.
- ◆ Sebenzisa umnyango wezingozi nezimo ezibucayi ukuqinisekisa ukuthi isimo sakho sibucayi noma ungakwazi nje ukunyangwa eMtholampilo wangakini.

8. IZINTO EZIBALULEKILE EZAHLONYULWA YISIBHEDLELA I ADDINTON

1. Ukuklonyeliswa nge *Accreditation Status* ngabakwa *COHSASA*.
 - I Addington yaba isibhedlela sokuqala esingaphansi kuka Hulumeni ezweni lonke jikelele ukuklonyeliswa ngalesisitifiketi ngonyaka ka1997.
 - Saphinda futhi lesisibhedlela saklonyeliswa ngalesisitifiketi ngonyaka ka 2005 kungu Mashi emva kokungenela lomncintiswano okwesibili.
2. Isibhedlela saphinde sawina umklomelo wendondo yesiliva okuthiwa yi *Premier's Good Governance* ngonyaka ka 1999.
3. Lomklomelo futhi saphinde lesisibhedlela sawuthola okwesibili ngonyaka ka 2000, kuseyilo futhi-isiliva.

4. Ngonyaka ka 2001 isibhedlela saphinde saklonyeliswa futhi ngomunye umklomelo oyindondo ye golide we Premier's Good Governance
5. Ngonyaka ka 2000 saphinde isibhedlela saklonyeliswa ngomklomelo we Best Practice: (Preventative Programme for Occupational Exposure to HIV/AIDS).
6. Ukunyuselwa abakwa COHSASA ngonyaka ka 2005

UKUHLELEKA NABASEBENZI

UDokotela J. Hurst uyena umphathi wesibhedlela. Umsebenzi wakhe ngukuqondisa imisebenzi ye sibhedlela ngokuhambisana nemigomo kaHulumeni wesiFundazwe nesi kaZwelonke

U Dokotela Hurst usizwa ngu:

- ◆ Udokotela *D. K Naidoo*— (*Umphathi weZonyango*)
- ◆ Umnumzane *A. A Pretorius* — *Umphathi weZimali neZinhlelo*)
- ◆ *Mrs A. Chinniah*— Ongumphathi wemisebenzi yabaHlengikazi
- ◆ Umnumzane *S. Govender*— Umphathi wezabasebenzi

Siqasha abantu abayizinkulungwane ezimbili namakhulu amabili. Abahlengikazi no Dokotela banga makhulu amabili nesishiyagalolunye, kanti abaphathi nabasebenzi abajwayelekile, ba balelwa ekhulwini nesishiyagalolunye nane.

UKUQHATHANISA UKUSEBENZA KWETHU NOBESIKUHLOSILE KWANGONYAKA KA 2005 KUYA KU 2006

- ◆ Uhlelo lokukhipha umshanguzo wokuthiba ingculaza
- ◆ Ukusungulwa kwe Pharmacy kugcine kuphumelele, eyodwa eseMtholampilo iPoly neyodwa kwindawo yezingane ezigulayo ezingalaliswa. Lokhu kusize ngokwehlisa isikhathi esilindwayo yizin - gane nabantu abadala
- ◆ Ukuthuthukiswa kwamakhono
- ◆ Ukuthuthukiswa kwendawo yezihlalo ezihambayo
- ◆ Izinsuku zokuqwashisa ngezempilo
- ◆ Ukuqinisekisa ukwamukeleka kwezingane zesikole eziqokwe ngabafundisi bazo ukuthi ziqeqeshwe abasebenzi bethu kuma-Workshops
- ◆ Imfundo yabadala (Adult Based Education)
- ◆ Ukusungulwa kwedesika lokusiza ngemininingwane yase Pharmacy
- ◆ Ukusungulwa kwendawo yezihlalo ezihambayo ukuthuthukisa indawo yangaphambili yesibhedlela.
- ◆ Bangu 150 abaluleki abaqeqeshelwe izifundo HIV ne AIDS ezithatha izinsuku eziyishumi
- ◆ Izifundo ezithatha izinsuku ezimbili zeHIV ne AIDS ezenziwa abasebenzi ukugqugquzela izinhlelo zokuqwashisa. Abasebenzi abayikhulu nesishiyagalombili nanhlano bathola izifundo ngokuthamela lezifundo

Esikuhlosileyo ngonyaka ka 2006 kuya ku 2007 ukuze siqhubezele phambili umsebenzi wethu omuhle

- ◆ Ukusungulwa kwesikhungo se ARV e Kusasa
- ◆ Ukulungisa indawo yezingozu nendawo yosizo oluphuthumayo ukuze kukwazeke ukumela abagulayo nokuphatha
- ◆ Ukuthuthukisa umtholampilo I Poly noMtholampilo wokunakekela abadala
- ◆ Ukubuyekeza umtholampilo I Poly nokusungulwa kwedesika lokusiza ngemininingwane
- ◆ Ukwandisa imisebenzi ye Primary Health kumtholampilo wase Beatrice Street neMtholampilo wokunakekela abadala nezinqubo ze DOTS (kumaqondana nokulapha isifo sofuba-TB)
- ◆ Ukunciphisa isikhathi sokulinda ekusetshenzwa ngaso e-theatre
- ◆ Ukususa isikhungo sezingane ezigulayo nomtholampilo wamazinyo usondezwe kuMtholampilo-onakekela izingane

-lo onakekela abadala.

- ◆ Ukuqeqeshwa kokusebenzisa indlela yokuxhumana nabangakwazi ukukhuluma
- ◆ Ukunyusa izinga lokusebenza kwamakheshi eziguli
- ◆ Ukuqhubeka nokubandakanya iziguli nomphakathi ngokuxoxisana
- ◆ Ukuqhubeka nokubheka isikhathi esibekiwe sentuthuko
- ◆ Ukuqhubeka nokubeka phambili ukuthuthukisa amakhono abasebenzi
- ◆ Ukuqhubeka noqeqesho ekunakekeleni amakhasimende.
- ◆ Ukuqhubeka nokucubungula izikhalazo zeziguli ukuze silungise indlela esenza ngayo izinto nano kulngisa izinkinga

IZIMALI ZETHU

Izimali zonke seziphele esasisebenzisa ngo 2005 kuya ku 2006 zazingu R317 677 919

Sazisebenzisa kanje:

Izimali zabasebenzi: R181 571,257


Ezinye (imisebenzi nezimpahla) R136 106 62,00

Imali esiyibizayo ngemisebenzi yethu

Eyatholakala yabe ime kanje: R10206 984,00

UKUHLAZIYA IZINCOMO NEZIKHALAZO

UKUHLAZIYA IZINCOMO NEZIKHALAZO KUSUKELA NGOJULY KUYA KU DECEMBER
NGONYAKA KA 2005



Siyazinikela ekulungiseni isimo uma izinto zingahambi kahle. Uma kwenzeka izikhalazo sizilungisa ngaso lesosikhati, kepha uma unganiselisekile, kukhona futhi eminye imigudu yokuvula isikhalazo esiphelele.

Ngokuhambisana noMnyango wethu wezokuxhumana: Siyohlangabezana nezicelo zemininingwane ngosuku olulodwa, bese kuthi ezijulile ziyocutshungulwa phakathi kwezinsuku eziyisikhombisa.

- Izikhalazo esizithola ngocingo siyoziphendula ngalo lolosuku esizithola ngalo.
- Uma unesikhalazo, siyoxolisa bese sizama ukuxazulula leyonkinga ngokushesha; izikhalazo ezibhaliwe ziyokwamukelwa emva kwezinsuku eziyisikhombisa sisitholile isikhalazo., uma kufanele senze uphenyo olunzulu siyokwazisa ebese sikuphendula ngemva kwama sonto ayisithupha, silikhu sikwazisa ngokuqhubekayo ophenyweni lwethu.

Siyokuqinisekisa ukuthi imininingwane yokuthi usifaka kanjani isikhalazo iyatholakala kwimvalaphu noma isikhwanyana esimininingwane ngesibhedlela okuthiwa I *HOSPAK* futhi siyibeke eduze nombhede wakho.

Sicela udlulisele yonke imibuzo, yizinkinga kanye nezicelo noma yizincomo eMnyangweni wezokuXhumana, osesitezini sokuqala esakhiweni sesibhedlela esikhulu.

Ungaxhumana noMnumzane *Wesley Canham* enombolweni ethi 031 327 2967/8 phakathi kokugamanxa kwehora lesikhombisa ekuseni kuya ehoreni lesine ntambama kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu. Inombolo yesikhahlamezi ithi: 031 327 2805.

Singakuthokozela ukuzwa ilaka lakho ngalelibhukwana nangemisebenzi yethu. Singathanda ukuxazulula izinkinga sikanye nawe.

Thina, singabaphathi base Addington sizinikele ukuhambisana nezinga lezinto ezilotshwe kulelibhukwana

uDokotela J. Hurst
UMPHATHI WESIBHEDLELA

uDokotela D. K Naidoo
UMPHATHI WEZOKWELAPHA

.....

.....

Unks A Chinniah
UMPHATHI WEZONHLELO ZABAHLENGIKAZI

.....

Umnuz. Pretorius
UMPHATHI WEZIMALI NEZINHLELO

uMnuz. S Govender
UMPHATHI WABASEBENZI

.....

.....